# IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

## *Intshumayelo ngomkhosi wokukhumbula ukuvuka kweNkosi, ngomhla ka 31. 03. 2013     21/2013*

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.**

1. Iculo 113/95

2. **Umkhuleko:** Nkulunkulu, Baba, ngokuvusa uKristu, iNdodana yakho inqobile amandla okufa, nokusivulela indlela yokuphila okuphakade. Inqobo yakho nempilo entsha mayisivulele, nokuyenza impilo yethu ngokusha ngoMoya oNgcwele omthembisile nathi. Mawusabele lokhu ngayo iNkosi ethu uJesu Kristu, iNdodana yakho ephila, ebusa kanye nawe noMoya oNgcwele, Nkulunkulu oyedwa, manje naphakade, naphakade. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku-1 kwabaseKorinte 15:1-11;

   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe ku-Marku 16:1-8.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 112/94

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7.** **Ivangeli** ngohlelo lwesihlanu lilotshiwe kuJohane 20:11-18, lithi: "Kepha uMariya wema ethuneni ngaphandle ekhala; esakhala walunguza ethuneni; wabona izingelosi ezimbili zembethe okumhlophe, zihlezi, enye ngasekhanda nenye ngasezinyaweni, lapho isidumbu sikaJesu besilele khona. Zona-ke zathi kuye: Mame, ukhalelani na? Wathi kuzo: Bayithathé iNkosi yami, futhi angazi ukuthi bayibekephi. Eseshilo lokho waphenduka, wabona uJesu emi, kepha wayengazi ukuthi nguJesu. UJesu wathi kuye: Mame, ukhalelani na? Ufuna-bani na? Kepha yena ethi ngumphathi wensimu wathi kuye: Nkosi, uma umsusile, ngitshele ukuthi umbekephi, ngiye ngiyakumthatha mina. UJesu wathi kuye: Mariya! Waphenduka, wathi kuye ngesiHeberu: Rabuni, okungukuthi: Mfundisi. UJesu wathi kuye: Ungangithinti, ngokuba angikenyukeli kuBaba. Kepha yana kubazalwane bami, ubatshele ukuthi ngenyukela kuBaba noYihlo, kuNkulunkulu wami noNkulunkulu wenu. UMariya Magdalena weza wabikela abafundi ukuthi: Ngiyibonile iNkosi, nokuthi: Ishilo lokho kimi." Amen.

**8.** **Intshumayelo:** Bangane enithandekayo beNkosi noMsindisi wethu uJesu Kristu, thokozoni, ngokuba owayefa uvukile. Wahlushwa phansi kukaPontiyu Pilatu, wabethelwa esiphambanweni, wafa, wembelwa. Wavuka enguMqobi, wanqoba ukufa, nesihogo, noSathane. Uvukile, ephila kahle, ephila, ebusa. Uyabusa nangenxa yethu nokusindiswa kwethu. Ukuvuka kwakhe akumusho yena kuphela, qha, wavukela nathi nezidalwa zonke. Konke kuguqukile, akukho okusafana nakho okwaphambili kokuvuka kwakhe. UJesu ngokwempela uqalile okusha, waletha okusha nakithi sonke. Kungukuqala kwesidalwa esisha sikaNkulunkulu phakathi kwesikhathi salomhlaba. UJesu uyiZibulo kuso. Abaningi bazolandela leliZibulo,yibo bonke ababhapathizelwa ekufeni kwalo leliZibulo ukuba bavuswe kanye nalo ukuba nabo baphile kanye nalo nakulo. Kanjalo-ke ukufa akusengukuphela nokugcina kwethu. Kanti uJesu waguqula konke lokhu ngenqobo enkulu ngokuvuka kwakhe ukuba ukufa kwethu kungabe kusafana nokufa nokuvuka kwabantu phambi kokuvuka kukaJesu. Ukufa ungathi ukufa kuguqukile kufane nendawo elibazisa njengokuma kwebhasi, isikhawu nje, ukuphumula nje endleleni. Yikho nje. Akusesiso isigcino impela saphambili, kodwa ibhuloho lokuya phesheya lapho konke kungcono nokuthandekayo kakhulu khona kunanganeno. Yikho okwenza ukuba sigubhe umkhosi omuhle namuhla kulolusuku ngokukhumbula ukuvuka kwenkazimulo kweNdodana kaNkulunkulu.

UMariya Magdalena wayemunye kwabo ababefakaza ukuvuka kweNkosi. Yena - njengabalandeli abaningi bakaJesu babehlupheka kabi kuleziyazinsuku. Wayekhona mhla kwaguquka khona iculo labaJuda lokwamukela uJesu ngendumiso enkulu ethi: "Hosiyana! Ubusisiwe ozayo egameni laNkosi, yebo, iNkosi kaIsrayeli! Hosiyana kweliphezulu! Ukuba bamemeze amazwi anuka igazi impela, athi: Makabethelwe! Makabethelwe. Umbethele! UMariya Magdalene wayekhona, mhla lamasotsha embinqa, emhleka usulu, emgazinga. Wayekhona, mhla uJesu ethwala isiphambano sakhe endleleni eJerusalema ukuya eGolegotha, embona ebulawa ukoma, eqhutshwa kabi aze awele phansi kwesiphambano sakhe, ebona uJesu ebethelwe ngezipikili esiphambanweni, embona elenge ephanyekiwe esiphambanweni ukuba bonke bambone edelelwe kabi, elinyazwa kabi. UMariya wabona konke lokhu efakaza konke, nokho wayengakaqondi konke lokhu ngokwempela. Kwathiwa konke kwakuguquka kube kubi. Wayengakaqondi ukuthi konke lokhu kwenzekile ukuba kugcwaliswe okwakhulunywa ngabaprofethi beTestamente elidala ngemikhulu yeminyaka phambi kukaJesu iWundlu likaNkulunkulu elithwala izono sezwe,

ukuhlushwa kabi kweNceku kaNkulunkulu, uJesu Kristu uMesiah, uMsindisi noMhlengi obusisiwe wabantu bezizwe zonke, iNceku kaNkulunkulu okwalotshwa ngayo ukuthi: "Yayideleliwe, yashiywa, ngabantu, umuntu wobuhlungu owazi ukugula; yeyiswa injengosithezelwa ubuso ngabantu, asiyishayanga-nto yalutho. Kepha yazithwala izifo zethu, yabetshatha ubuhlungu bethu, kodwa thina sathi ijezisiwe, ishaywé nguNkulunkulu, ihlushiwe. Yebo, yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, yachotshozwa ngobubi bethu; isijeziso sasiphezu kwayo ukuthi sibe nokuthula, nangemivimbo yayo siphilisiwe thina," Jes. 53:3-5.

UMariya wayekhona, mhla uJesu efele esiphambanweni, uma amabutho engaphulanga amathambo akhe, njengalokhu ephulile imilenze yababili ababebethelwa kanye noJesu, Ayebona ukuthi wayesefile, mhla linye lamabutho lamgwaza uJesu ohlangothini ngomkhonto, kwaphuma masinyane igazi namanzi elusamcolo olubusisiweyo lwamanzi ezindishini zokuphila kubo abaphendukayo, kanye nesitsha sensindiso esiphethe igazi elithululelwe kube ngukuthethelelwa kwezono zethu zonke. UMariya wayekhona kulokhukuhlwa, mhla kwashona ilanga, mhla umzimba owawusenakho ukuphila wathathwa nguJosefa waseArimathea, nokubeka isidumbu esihle sika Jesu sabekwa ukuphumula elibeni ensimini efana neyaseEdene. Wayekhona, mhla kwavalwa iliba ngentshe elikhulu, mhla bonke becabangile ukuthi konke kwaphela khona: Ukuphela komlando, kwasala kuphela ithutshana lokugcoba isidumbu ekuseni sekuphelile usuku lwaSabatha. Kwangukasala okuningi, okuncane kokukhonza ababemthanda okwenziwa ngabesifazane emhlabeni wonke, mhla beshonelwe abamethandayo. Kwafana nokuhlobisa ithuna ngezimbali, noma ukuvakashela iliba, mhla kubekwa itshe. Kwakungekho owathemba ukuthi kuzokwenzeka okumangalisayo, noma ukubheka okunjalo.

Impela kwakungesikho okokugcina kwakho konke. Kwakuyisikhashane nje sokuphumula, - isikhawu esimfushane. Yikho ababekuqondayo emuva sebebonile okwenzekile impela. Ngokwempela iNkosi yethu uJesu Kristu wayengaphumuli nje. Ngokwempela wadabula isihogo, wahlenga zonke iziboshwa zikaSathane ngokubopha lesitha esibi, ngokunqoba isihogo nokufa eyiNkosi, enguMlungiseli wokuphila okuphakade. Waphiwa onke amandla ezulwini nasemhlabeni, enguMbusi neNkosi yakho konke, neyabo bonke. Akusekho okungengaphansi kwemandla akhe okubusa. Wabuyela ekuphileni ngokumangalisa okukhulu. Wabuya ngokumangalisa. Ababefuna ukugcoba isidumbu, sasingesekho elibeni, sasevusiwe, saguquka sibe umzimba ophilayo waMqobi wesono, wokufa nokaSathane.

Mhla bonke bebelahlekelwe ithemba, uJesu wazilungisela ukuzibonakalisa enkazimulweni ngokuphuca ababusi nabanamandla izikhali, ngokubathela ngehlazo obala ebacabanga ukuthi bamnqoba ngazo. Udumo nenkazimulo makube kuye manje naphakade! Yilo iculo lamabutho asezulwini. Futhi kungubonga kwethu. Ngakho simema bonke ezindaweni zonke ukuhlangana nathi ekumdumiseni uJesu Kristu iNkosi yethu evukile kwabafileyo.

Kulolusuku lokuqala lokuvuka kwakhe uJesu Kristu ovukile wabonwa ephilile kahle, kubo abafundi bakhe ababelahlekelwa ngukukholwa, wabuyela kubangane bakhe ababehlupheka kangaka emoyeni. Wahamba-hamba, ebabiza, ebabutha, ebakhanyisela ngeqiniso levangeli, esusa ukungakholwa kubo, nokungabaza nokwesaba ezinhliziyweni zabo ukuba babuyele ethembeni, entokozweni. Yikho wayekwenza nakuMaria Magdalena. Wayengamsoli, wayengadlali ngaye, wambuyisela kuphela lapho ekhona, wambiza ngegama lakhe, wathi: Mariya! Kanjalo yena owayemethanda kwasukuqaleni, wambuyisela ekuthuleni kwakhe okubusisiweyo, wamthethelela, wamphulukisa, wamlungisa. Ukuhlupheka, okubi, ubuhlungu bezinsuku ezidlule esintathu kwakungasamthinti, kwakhohlwa, kodwa kwaphela nje. UJesu wasenqobile bonke ababezama ukumsusa ebusweni bomhlaba, ngokumbulala nokumngcwaba. Khona-ke uJesu Kristu ophilayo, uMqobi waqinisa ukuba uMariya angalahleke ekulahlekwelweni yithemba, kodwa abuyiselwe kuJesu Kristu ophilayo, obusayo, akasesekufeni noma elibeni, kodwa ophilayo, ephila kunabo bonke abanye, engumthombo wokuphila kweqiniso ongukuphila impela, ekwabela nawe okungukuphila impela ukuba ukuhlupheka nokufa kungabe kusenamandla ukukuhlukanisa nothando lukaNkulunkulu olukuJesu Kristu. Qha-ke, manje konke kumelwe ukusisiza ukusisondela kuye kangcono, noma ubizwa ngegama likaMaria Magdalena, uPetru noma uJohane. Ukunqoba kwakhe kungukuqala kwempilo entsha engenamkhawulo, kodwa kuqhubeka kuze kube phakade. Kuyimpilo ayabelayo abantu bakhe ngomusa emazweni onke. Uyabela ukuphila kwakhe kakhulu ngomusa ngezwi lakhe elinamandla, nangamasakramente akhe ngezikhathi zonke ekerikeni lakhe. Kungukuphila esikuthokozelayo thina makholwa esibhapathiziwe. Impela nanamuhla sithokozela lokhu ukuphila emkhosini wokukhumbula ukuvuka kweNkosi, uma sihlabelela kanye nabalandeli bakaJesu Kristu bonke abathembekileyo,nokuba siyaqinisa kanye nabafundi bakhe ukuvuka kwakhe, sivume, sithi: Uvukile! Impela uvukile, wavukela ukusindiswa kwethu!. Amen.

9. **Umkhuleko:** Emkhulekweni wethu namuhla masivumeni kanye namakholwa onke nezingelosi zasezulwini sithi: sithi: UKristu uvukile! Izwe liyizwe lokufa. UKristu uvukile! Imimoya emibi iwile. UKristu uvukile! Izingelosi zikaNkulunkulu ziyathokoza. UKristu uvukile! Iliba lakhe owake wabethelwa esiphambanweni alisenalutho. UKristu uvukile impela kwabafileyo, ungokuwokuqala phakathi kwabaleleyo. Inkazimulo namandla angabakhe manje naphakade! Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 122/105

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2012 ngu-K. P. P. W. Weber.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.